

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI, UMNUZ WILLIES
MCHUNU, EMCIMBINI KA-OPERATION KHUZ'UMHLOLA ETHEKWINI
MHLAKA 09 MARCH 2013:**

Mphathi Wohlelo;
Amalungu esiShayamthetho akhona;
IMeya yeTheku;
Amakhansela wonke akhona;
Ubuholi bezenkolo;
Ubuholi bamaphoyisa;
Abantu bakithi abadala, ama-Senior Citizen;
ImiNyango kaHulumeni ekhona ngokwehlukana kwayo;
Abamele izinhlaka ezahlukene zomphakathi ezikhona;
Abamele amaqembu epolitiki;
Abezindaba;
Izimenywa ezahlukene;
Bafowethu nodadewethu.

Ngiyanibingelela.

Egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal, mangithathe leli thuba nginamukele nginibonge nonke enikwazile ukuphumelela kulo mcimbi obaluleke kangaka wokuzama ukuqinisa ubambiswano ekulweni nobugebengu obubhekiswe kwabesifazane, izingane, abakhubazekile kanye nabadala.

Sifisa ukubonga kakhulu abahleli balo mkhankaso, ikakhulukazi i-Future Leaders, ngaphansi kobuholi bukaSisi uZanele Mbokazi, ngokusukuma basekele uHulumeni ekwakheni lolu hlelo lokulekelela intsha engabafana banikwe ulwazi oluzobasiza ukushintsha indlela yokuziphatha, babuyelwe ukuzethemba, bakwazi nokuthatha izinqumo ezifanele.

Ngenkathi uMongameli uMnumzane Jacob Zuma ethatha izintambo ngo-2009, ukulwa nobugebengu wakubeka eqhulwini kanye nezinye izinhlelo ezibalulekile njengezempilo, ezemfundo, ukulwa nobubha, ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya nokwakhiwa kwamathuba emisebenzi asezingeni elifanele.

Lokhu kwakungasuselwa nje emoyeni, kodwa kwakususelwa ezintweni ezazivela, njengezinsalelo ezibhekene nabantu bakithi uma kukhankaswa ngaphambi kokhetho.

Wonke umuntu uyazi-ke ukuthi abantu baKwaZulu-Natal baphuma kanjani ngobuningi babo bayoqinisekisa ukuthi lo Hulumeni okhona kuqhubeka kube yiwona obasebenzelayo ngaphansi kobuholi bukaMsholozzi kuzwelonke, noNdunankulu uDkt Zweli Mkhize lapha KwaZulu-Natal.

Manje-ke konke lokho kusibeka ekutheni kubalulekile ukuthi njengomphakathi sivume ukulekeleleka ukuze lithi liphela leli hlandla lalo Hulumeni sibe singenako ukuzisola ngokuthi sakhetha yena.

Enye yezindlela zokuvuma ukulekelelwa yiyona lena yokuthatha izinhlelo zokulwa nobugebengu ezilethwa nguHulumeni kunina, nizisebenzise ngendlela ezokwenza ukuthi nibe wumphakathi onehlalakahle.

Njengesizwe saseNingizimu Afrika, sisashaqekile sonke yindlela osekusabalele ngayo izigameko zokunukubezwa nokubulawa kwezingane zamantombazane ezincane nabesifazane asebekhulile – ogogo bethu.

Ngeviki eledlule size sabona uMongameli uZuma ethula ngokomthetho umkhankaso we-Stop Rape Campaign ngenhloso yokuqwashisa futhi kukhuthazwe ukuba kwakhiwe umphakathi onakekelayo futhi ohlonipha amalungelo abantu bonke, ikakhulukazi amalungelo abesifazane nezingane.

Nakulona leli viki uMongameli uphinde wakhuluma kakhulu ePhalamende, e-Cape Town, ngalolu daba, enxusa ukuba zonke izinhlaka zemiphakathi, kuhlenganisa nabezenkolo nabaholi bendabuko, zibambe iqhaza ukubhekana nalo sathane.

NoNgqongqoshe wamaPhoyisa kuZwelonke, uMnuz Nathi Mthethwa, ukuvezile ngenkathi ekhipha izibalo zobugebengu ngonyaka odlule ukuthi nakuba izinga lamacala abucayi lithe ukwehla, kodwa izinga lamacala athinta ukhlukumeza ngocansi lisalokhu likhathaze njalo.

Siyazi ukuthi njengoba sihlangele lapha nje namhlanje kunemindeni esemanzini, njengomndeni waKwaSabela eMlazi ingane yawo ebe yisisulu sokudlwengulwa yase ibulawa. Sifisa ukuthi kubona mabaqine, isizwe sonke sinabo ngalesi sikhathi esinzima.

Ukwanda kwalezi zigameko sekwenze uHulumeni walapha KwaZulu-Natal aqinise umkhankaso wokuyibheka ezimpandeni imbangela yaloluhlobo lobelesi. Sesinqume ukuthi ngaphezulu kokuqwashisa nokufundisa imiphakathi, kumele sibe nohlelo lokufundisa ababhebhezeli balokhu, ikakhulukazi intsha engabafana, kwenziwe ucwaningo olubandakanya nalabo asebeboshiwe ngala macala.

Nathi-ke manje siwuHulumeni sesifuna ukuthola ngophenyo oluhlelekile olusemthethweni ukuthi yini benze kanje? Ngabe loku ukweyisa okuhlangene nokuphelelwa wubuntu, nonembeza kanye nesazelo yini?

Uyaziqhenya yini ngokudlwengula ingane encane noma isalukazi esesigugile okumele engabe siyakuthuma ukuba usiphe ukudla namanzi, usiphelezele uma siya emtholampilo, usinakekele ngendlela nawe ongathanda ukunakekelwa ngayo uma usumdala? Wenziwa yini ukuthi usihlukumeze? Yini engenziwa ukunqanda leli dimoni elihlasele izingane zethu zabafana?

Inhloso yalo mkhankaso ukukhipha umqondo wobudlwembe kubafana abancane nokubafundisa ngezinto eziyisisekelo ekugcineni ezizobenza babe ngamanxusa emiphakathini yabo.

Indaba yokubhekana nentsha yabafana yaphinda yaphakanyiswa kakhulu ngoNovember wonyaka odlule ngenkathi i-World Power House, ngaphansi kobuholi bakhe futhi uSisi uZanele, ngokubambisana noHulumeni ihlanganisa amabandla ezenkolo lapha eThekwini benza imashi bekhuz'umhlola walesi sihlava.

Namhlanje-ke sithi siyaluqhuba lolo hlelo ngokubambisana ne-Future Leaders njengoba nayo ibhekene nokulekelela intsha yakithi. Sifuna ukuxoxisana nentsha engabafana ukuze njengoHulumeni siqonde kahle ngezinto ezibathintayo, sikhulume nabo ngemiphumela yokudlwengula nobunye ubugebengu obuhlukumeza umphakathi.

Sizoqhubeka nokugxila kule yezigameko eziningi zokudlwengulwa kwezingane nabadala ezenzeka ngaphakathi emindenini lapho okumele ngabe umuntu uthola ukuvikeleka khona.

Lokhu sibona kuphambana kakhulu nesisho esithi, 'Imindenini ejabulayo yakha umphakathi ojabulayo; umphakathi ojabulayo wona wakha isizwe esijabulayo.'

Siyazi ukuthi kunabantu abaningi abayizisulu kodwa abafela ngaphakathi. Yingakho-ke senza izinhlelo ezifana nalezi ezilekelela abantu ukuba bakhulume ukuze izigebengu zithathelwe izinyathelo.

Siyazi ukuthi umuntu oyisisulu salolu hlobo lobugebengu ujoye ukufuna ukubekezela noma esebona ukuthi ngempela impilo yakhe isengcupheni. Abantu baye babekezelele isimo okumele ngabe kade baphuma kusona mhlambe ngoba kuphilwa ngaye lomuntu oyiselelesi socansi, noma bezama ukufihla amahlazo omndenini kanti bagcine inyoka ezoloku ibaqhoboza umonakalo uze ube mkhulu kakhulu.

Abanye basaba ukuthi bazobizwa ngezehluleki mhlambe emshadweni. Kokunye indlela abesifazane abathathwa ngayo emindenini, emabandleni nasemphakathini uma bedivosa yiyona eyenza babekezelele imishado eyingozi ezimpilweni zabo nasezinganeni zabo zamantombazane.

Sesike sabona futhi iningi lalezi zigameko zokunukubezwa kwezingane zibikwa emaphoyiseni bese izigilamkhuba ziyaboshwa kodwa amacala abuye ahoxiswe ngenxa yokushoda kobufakazi, noma abazali baxoxisane nomsolwa ukuba akhokhe inhlawulo njengembuzi yegezamuzi.

Kumele sizivikele izingane ezikule nkinga, noma ngabe kusho ukuthi ingane kumele ihanjiswa ekhaya lezingane ukuze iphephe. Abahlukumezekile kumele baqonde ukuthi kwesinye isikhathi kungcono ukulamba okwesikhashana ngenkathi usabheka enye indlela yokuthola imali kunokuba ufihle umuntu ohlukumezayo ukuze kuphephe izingane.

Kumele futhi singakhohlwa amasiko nemikhuba engagcina seyisibuyisela emuva yehlise nesithunzi sethu njengesizwe. Lapha ngiqondise kule mikhuba efana nokuthwalwa kwezintombi othola izingane ezincane zamantombazane ziphoqeletwa ukushadiswa komunye umndeni ngenkani, noma ngabe bayamthanda lowo muntu wesilisa noma abamthandi.

Isikhathi esiningi lezi zingane zishadiswa nabantu besilisa abaneminyaka ephindwe kathathu noma kane kuneyabo. Abanye balabantu besilisa abadala basuke beshonelwe amakhosikazi abo futhi akekho owaziyo noma banezifo abangazithelela la mantombazane amancane.

Ngenxa yegciwane lesandulela ngculazi i-HIV ebanga i-AIDS lapho amasosha omzimba engasakwazi ukulwa nezifo, kubalulekile ukuthi sihlalane ndawonye njengesizwe sibheke ukuthi amasiko nemikhuba yethu akukona yini okusicekela phansi.

NjengoHulumeni, amaKhosi kanye nezinhlangano zomphakathi, masibambane ngezandla sibhekane nalesimo ukuze izingane zethu ziphephe sibe nesizwe esiphilayo ngoba phela inkunzi isematholeni. Uma sizidedela zibhuqabhuqwa izelelesi, angeke sibe nesizwe esiphilile ngomuso.

Njengoba uMongameli uMsholazi ethule i-Stop Rape Campaign ebengikhuluma ngayo ekuqaleni, khona futhi ngeledlule uNdunankulu uKhabazela wethule uhlaka lwesifundazwe lokulwa nokusetshenziswa kwezidakamizwa.

Siyazi ukuthi intsha yakithi iphelile yizidakamizwa. Uma ubheka okunye kwalobu bugebengu bugilwa sekusetshenziswe zona izidakamizwa, kanti ukuntshontsha nokubamba inkunzi kuvamise ukwenziwa ukuze kutholakale zona lezi zidakamizwa.

Utshwala-ke bona buyasampula. Amantombazane amancane angasebenzi nokusebenza ahlala emathaveni aphuziswe amadoda amadala agcina esefuna ukulala nawo kanti asezowashiya nenkinga yengculazi nezisu noma kokubili.

Lo mkhankaso wokulwa nezidakamizwa sizowuqhuba ngaphansi kohlelo lwesifundazwe luka-*Operation Sukuma Sakhe*. NjengoHulumeni sihlale siyigqugquzela imiphakathi ukuba izisebenzise izikhungo zama-war room ngaphansi kwalolu hlelo, lapho kudingidwa ngazo zonke izinselelo ezibhekene newadi.

EmNyangweni wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi sesithe makusungulwe nama-Ward Safety Committee azosebenzisana nama-CPF nezinhlanga zonke ezibhekele ukuphepha ewadini ngayinye.

Zonke-ke lezi zinto ziyimizamo yokuba nilekeleleke njengomphakathi, ikakhulukazi intsha esibhekise kuyona namhlanje. Kodwa njengoba bese ngike ngasho, kukunina ukuthi niyafuna yini ukusizakala.

Kukunina ukuthi njengabantu abasha niyazibona yini ningabaholi baleli lizwe kusasa. Kukunina ukuthi niyafuna yini ukubona amaphupho enu nawabazali benu ngani ephumelela. Kukunina ukuthi nifuna umlando unahlulele kanjani esikhathini esizayo. Ngabe nifuna abantwana benu bathi sazalwa izehluleki noma sazalwa amadoda namakhosikazi ayekwazi ukwakha isizwe na?

Kodwa-ke futhi kusemadodeni alesi sifundazwe nasezweni lonke ukuba abambe iqhaza elicacile emkhankasweni wokulwa nokudlwengula nodlame olubhekiswe kwabesifazane nezingane.

Masiphinde sibonge ngokuthola leli thuba lokuba yingxenye yalo mcimbi owumkhankaso oqhubekayo wokwakhiwa kwesizwe. Egameni likaHulumeni sibonga kakhulu kwi-Future Leaders nakubo bonke ababambe iqhaza.

Ngiyabonga